Isifundo 5

** 25–31 Masingana*

Ukusuka Ekuziphakamiseni Kuye Ekuzehliseni

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:

Dan. 4:1-33, Izaga 14:31, 2 Amakhosi 20:2-5, Jona 3:10, Dan. 4:34-37, Filipu 2:1-11.

Indimana Yekhanda:

"Yeka ubuningi bezibonakaliso zaKhe! Umbuso waKhe ungumbuso ongunaphakade, nokubusa kwaKhe kungokwezizukulwane" (Daniyeli 4:3).

Upkuzikhukhumeza kubizwa ngokuthi yisona sono sokuqala. Siqala ukubona kuLusifa, ingelosi eyayisezulwini. UNkulunkulu uthi kuHezekeli: "Inhliziyo yakho yakhukhumala ngobuhle bakho, wonakalisa ukuhlakanipha kwakho ngokukhazimula kwakho; ngikulahlele phansi, ngikubeke phambi kwamakhosi ukuba akubone" (Hezekeli 28:17).

Ukuzikhukhumeza kuholela ekuweni kukaLusifa, manje-ke usebenzisa ukuzikhukhumeza kwakhe ukuholela izigidi zabantu phansi, endleleni eya ekubhujisweni. Siwile sonke, sethembele kuNkulunkulu nangokuphila kwethu. Izipho esinazo, konke esiphumelela kukho ngalezo zipho, kuvela kuNkulunkulu kuphela. Kanjalo-ke, singalokotha kanjani ukuzikhukhumeza, siziqhayise, noma siziqhenye esikhundleni sokuthi kubonakale ukuzithoba kukho konke esikwenzayo?

Kwathatha isikhathi eside ukuthi uNebukadinesari aqonde ukubaluleka kokuzehlisa. Ngisho nokubonakala komuntu wesine esithandweni somlilo (bheka isifundo seviki eledlule) akuyiguquli indlela aphila ngayo. Kwaze kwaba yilapho uNkulunkulu emphuca umbuso, emxosha ukuba ayohlala nezilwane endle, lapho inkosi yasibona kahle isimo sayo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika 1 Nhlolanja.*

Akusilo Yini LeliBhabhiloni Elikhulu?

Funda kuDaniyeli 4:1-33. Kwenzekani enkosini, ngasizathu sini na?

UNkulunkulu unika uNebukadinesari iphupho lesibili. Manje, inkosi ayilikhohlwanga iphupho. Kodwa ngenxa yokuthi izazi zaseBhabhiloni ziyehluleka futhi, inkosi iyathumela ukuthi uDaniyeli eze ukuzochaza iphupho. Ephusheni, inkosi ibona isihlahla esikhulu esifinyelela ezulwini, nesidalwa sasezulwini siyaleza ukuthi isihlahla sigencelwe phansi. Kwakuzosala kuphela isiqu nezimpande emhlabathini, simanziswe amazolo ezulu. Kodwa okuyiyona into eyakhathaza kakhulu uNebukadinesari, kulapho isidalwa sezulu esathi: "Inhliziyo yakhe iyakuguqulwa ingabi ngeyomuntu, aphiwe inhliziyo yesilwane, kudlule izikhathi eziyisikhombisa phezu kwakhe" (Dan. 4:16). Ngokubona ukushuba kwephupho, uDaniyeli, ngenhlonipho uzwakalisa isifiso sokuthi iphupho lelo lingabhekisa ezitheni zenkosi. Kodwa, ngokwethembeka emlayezweni ophethwe yiphupho, uDaniyeli uthi empeleni iphupho liqondise enkosini uqobo lwayo. Kuvamile eBhayibhelini ukusebenzisa izihlahla njengemifuziselo yamakhosi, izizwe nemibuso (Hezekeli 17; 31; Hosea 14; Zekariya 11:1, 2; Luka 23:31). Ngakhoke isihlahla esikhulu sifanekisa kahle inkosi ezikhukhumezayo. UNkulunkulu unike uNebukadinesari ukubusa namandla; kodwa, uyaphikelela ukwehluleka ukubona ukuthi yonke into anayo ivela kuNkulunkulu.

Gxila kuDaniyeli 4:30. Yini eshiwo yinkosi, etshengisayo ukuthi ayikasiboni isexwayiso uNkulunkulu ayinika sona na?

Mhlawumbe okuyiyona into eyingozi ngempela ngokuzikhukhumeza ukuthi kungasiholela ekuthini sikhohlwe ukuthi sencike kangakanani kuNkulunkulu ngayo yonke into. Futhi-ke, uma-nje sike sakhohlwa yilokho, sisengozini ngokomphefumulo.

Zinto zini ophumelele kuzo empilweni? Ungazincoma ngazo ngaphandle kokuzikhukhumeza? Uma uthi yebo, kanjani?

Wexwayiswa Ngumprofethi

Funda kuDaniyeli 4:27. Ngaphandle kwesixwayiso ngalokho okuzokwenzeka, uDaniyeli utshela inkosi ukuba yenzeni , ngasizathu sini na? (Bheka neZaga 14:31).

UDaniyeli akagcini ngokuchaza iphupho, uphinde akhombe uNebukadinesari endleleni yokuphuma kulesimo sakhe: "Ngalokho, nkosi, masamukeleke kuwe isiluleko sami, unqamule izono zakho ngokulunga, nobubi bakho ngokuba nomusa kwabampofu; mhlawumbe kungelulwa ukuthula kwakho" (Dan. 4:27).

UNebukadinesari uqala umsebenzi omkhulukazi wokwakha eBhabhiloni. Izingadi, imihosha yamanzi, namathempeli amaningi, nezinye izakhiwo, ziguqula lomuzi ube esinye sezimangaliso zomhlaba. Kodwa ubuhle obunje, noma inxenye yabo, butholakele ngokuxhaphaza izigqila nokunganaki abampofu. Phezu kwalokho, umcebo wombuso usetshenziselwa ukwanelisa ukutamasa kwenkosi nezikhulu zayo. Kanjalo-ke, ukuzikhukhumeza kukaNebukadinesari akugcini ngokumvimbela ukuthi anike uNkulunkulu udumo, kodwa futhi kunomphumela owenza anganaki ukuhlupheka kwabasweleyo. Uma sibuka ukuthi uNkulunkulu ubanake kangakanani abampofu, akumangalisi ukuthi phakathi kwezinye izinto uDaniyeli abengazikhomba enkosini, ukhetha isono sokunganaki abampofu.

Umlayezo othunyelwa kuNebukadinesari akusiyo into entsha nakancane. Abaprofethi beTestamente eliDala babevame ukuxwayisa abantu bakaNkulunkulu ngokucindezela abampofu. Yebo, esihamba phambili ezonweni eziholela ekudingisweni kwenkosi, isono sokunganaki abampofu. Vele phela, uzwelo ngakulabo abampofu indlela ephakeme kakhulu yokutshengisa uthando lobuKrestu; ngakolunye uhlangothi, ukuxhaphaza nokungabanaki abampofu kufana nokuhlasela uNkulunkulu uqobo. Ngokunakekela abampofu, siyavuma ukuthi uNkulunkulu ungumnikazi wezinto zonke, okusho ukuthi thina asibona abanikazi kodwa siyizinceku zamafa kaNkulunkulu.

Ngokukhonza abanye ngalokho esinakho, sidumisa uNkulunkulu futhi sivuma ubukhosi baKhe. Ubunikazi bukaNkulunkulu okufanele kusho ukuthi lokho esinakho kusetshenziswa kanjani nokuthi kubaluleke kangakanani. Kulapho-ke lapho ehluleka khona uNebukadinesari, nathi sisengozini yokwehluleka, ngaphandle kokuthi sivume ubukhosi bukaNkulunkulu phezu kwalokho esiphumelele kukho, sibonakalise ukukuvuma kwethu lokho ngokusiza labo abaswelayo.

OPhezukonke Uyabusa…

Naphezu kokuthi etsheliwe ukuthi akaguquke, afune intethelelo kaNkulunkulu, ukuzikhukhumeza kukaNebukadinesari obunganyakazi benza ukuthi isigwebo sezulu sisetshenziswe (Dan. 4:28-33). Inkosi isahambahamba esigodlweni sayo izibonga ngalokho ephumelele kukho, yashaywa ngesifo sengqondo esacindezela ukuthi isuswe esigodlweni. Kungenzeka ukuthi yahlaselwa ukugula komqondo okuthiwa yi lycanthropy noma I zoanthropy. Lesi simo senza ukuba umuntu aziphathe njengesilwane. Kulezikhathi zamanje lesisifo sibizwa ngokuthi i-species dysphoria," ukuzizwa sengathi umzimba wakho akusiwo owakho, ngaleyo ndlela kuba nesifiso sokufana nesilwane.

Funda ku 2 AmaKhosi 20:2-5; Jona 3:10; noJeremiya 18:7, 8. Zisitshelani lezindimana ngethuba eyayinalo inkosi lokugwema lesijeziso na?

_____

_____

Ngeshwa, uNebukadinesari kwadingeka ukuthi afunde ngendlela elukhuni. Ngesikhathi ephiwe amandla obukhosi, uNebukadinesari akakwazanga ukucabanga ngobudlelwane bakhe noNkulunkulu. Kanjalo-ke, ngokuphuca inkosi igunya lokubusa nokuyithumela ukuyohlala nezilwane zasendle, uNkulunkulu wayenika inkosi ithuba lokuthi ivume ukuthi yencike kuYena ngokuphelele. Empeleni, isifundo uNkulunkulu ayefuna ukusifundisa lenkosi eziphakamisile ukuthi "iZulu liyabusa" (Dan. 4:26). Nangempela, ukujeziswa kwenkosi kwakunenjongo ebanzi ecebweni likaNkulunkulu, njengoba kubonakaliswa ngokucacile yisimemezelo sezithunywa zezulu: " 'Ukuba abaphilayo bazi ukuthi oPhezukonke ubusa imibuso yabantu, ayinike amthandayo, amise phezu kwayo ophansi phakathi kwabantu' " (Dan. 4:17).

Ngamanye amazwi, ukujeziswa kukaNebukadinesari kufanele kube yisifundo nakithina sonke. Ngoba sibalwa phakathi "kwabaphilayo," sifanele ukuqaphela kangcono isifundo esigqamile okufanele sisifunde sokuthi "oPhezukonke uyabusa emibusweni yabantu."

Yini indaba kuyisifundo esibaluleke kangaka okufanele sisifunde ukuthi oPhezukonke uyabusa? Lolu lwazi kufanele lube namthelela muni endleleni esiphatha ngayo labo esinegunya phezu kwabo na?

_____

Ukuphakamisela Amehlo Ezulwini

Funda uDaniyeli 4:34-37. Izinto ziyiguqukela kanjani inkosi, nangasizathu sini na?

UNkulunkulu wavuma ukuthi uNebukadinesari ahlaselwe yisifo esingavamile, kodwa ekugcineni, wambuyisela kusimo esejwayelekile somqondo. Zonke izinto zaguquka ekupheleni kweminyaka eyisikhombisa eyayiprofethiwe ngesikhathi inkosi iphakamisela amehlo ayo ezulwini (Dan. 4:34). "Iminyaka eyisikhombisa, uNebukadinesari wayeyinto ethusayo kubo bonke abantu bakhe; iminyaka eyisikhombisa wathotshiswa phambi komhlaba wonke. Yase iyabuyiselwa ingqondo yakhe, wabheka phezulu ngokuzithoba kuNkulunkulu wamazulu, wavuma ukuthi ukujeziswa kwakhe kwenziwe yisandla sasezulwini. Wavuma icala lakhe nomusa kaNkulunkulu wokumbuyisela engqondweni, esidlangalaleni."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, ikhasi 520.

Ngaphandle kokungabaza, kungenzeka izinguquko ezinkulu uma siphakamisela amehlo ethu ezulwini. Masinyane-nje ngemuva kokubuya kwengqondo yayo, inkosi inikeza ubufakazi bokuthi isifundile lesifundo. Kodwa lendaba ayigqamisi uNebukadinesari, kodwa umusa kaNkulunkulu. UNebukadinesari wayeselahle amathuba amathathu ngaphambili okwamukela uNkulunkulu kaIsrayeli njengoNkosi yempilo yakhe. Lamathuba amfikela ngesikhathi evuma ukuhlakanipha okungandile kwabathunjwa abane bakwaJuda (Daniyeli 1), ngesikhathi uDaniyeli echaza iphupho lakhe (Daniyeli 2), nangesikhathi lamaHeberu amathathu esindiswa esithandweni somlilo (Daniyeli 3). Empeleni, uma lokho kusindiswa emlilweni kungamthobanga, yini eyayingamthoba? Phezu kwenkani yenkosi, uNkulunkulu wayinika ithuba lesine, waze wazuza inhliziyo yayo, wayibuyisela esihlalweni sobukhosi (Daniyeli 4). Njengoba itshengisa indaba kaNebukadinesari, uNkulunkulu unikeza ngethuba emva kwelinye ukuze asibuyisele ebudlelwaneni obufanelekile naYe. Njengokubhala kukaPawulu emakhulwini eminyaka kamuva, uNkulunkulu "Othanda ukuba abantu bonke basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso" (1 Thimothewu 2:4). Kulendaba sibona isibonelo esinamandla salelo qiniso.

Yiziphi izindlela uNkulunkulu ake wakuthobisa ngazo? Wafundani kulokho? Zinguquko zini ongadinga ukuzenza ukuze ugweme ukufundiswa leso sifundo futhi?

Uyazehlisa Futhi Uyabonga

Inkosi ephendukile ithi: "Bonke abakhe emhlabeni bashaywa ize" (Dan. 4:35). Uma sibheka isimo akhulumela phezu kwaso, phuzu lini elibalulekile alenzayo na?

Sazi kanjani ukuthi ngempela uNebukadinesari umamukela ngokuqinisekile uNkulunkulu weqiniso na? Sithola ubufakazi obukhulu ekuthini uNebukadinesari uqobo lwakhe umbhali kaDaniyeli. Yebo, inxenye enkulu yalesahluko kubonakala ukuthi sathathwa encwadini inkosi eyayisabalalisa embusweni wayo obanzi. Kulencwadi, inkosi ikhuluma ngokuziphakamisa kwayo nokusangana kwayo, iyavuma ngokuzithoba ukuthi uNkulunkulu wangenelela empilweni yayo. Kwakuyivela kancane ukuthi amakhosi asendulo abhale utho oluwehlisa isithunzi. Empeleni zonke izincwadi zamakhosi asendulo esizaziyo zidumisa wona amakhosi. Incwadi efana nalena, ngakhoke, lapho inkosi ivuma khona ukuzikhukhumeza kwayo nempilo yayo yobulwane, ikhomba inguquko yangempela. Phezu kwalokho, ngokubhala incwadi elanda ngamava ayo, iphinde ivume ubukhulu bukaNkulunkulu, inkosi yenza umsebenzi womvangeli. Ayisakwazi ukuzigcinela yona lokho ekuzwile yakufunda kuNkulunkulu weqiniso. Esikubonile lapha, emthandazweni wenkosi nokudumisa kwayo (Dan. 4:34-37), kuveza obala ubuqiniso bamava aKhe.

Inkosi manje isibona izinto ngenye indlela, iyayibona nemingcele yamandla omuntu. Ngomthandazo onamandla wokubonga, inkosi idumisa amandla kaNkulunkulu kaDaniyeli, ivume ukuthi "bonke abakhe emhlabeni bashaywa ize" (Dan. 4:35). Okusho ukuthi, abantu benyama abanalutho abangazibonga ngayo. Ngakhoke, lokhu esikubukayo kokugcina ngoNebukadinesari encwadini kaDaniyeli, kutshengisa inkosi ezithobile nebongayo, ecula amaculo okudumisa uNkulunkulu, isixwayise ngokuziphakamisa.

UNkulunkulu uyaqhubeka nokuguqula izimpilo zabantu nanamhlanje. Akukhathaleki ukuthi abantu baziphakamisa kangakanani noma bayizoni ezimbi kangakanani, kuNkulunkulu kukhona umusa namandla okuguqula izoni ezihlubukayo zibe abantwana bakaNkulunkulu wasezulwini.

Funda kwabaseFilipu 2:1-11. Yini esiyitholayo lapha engasiphula ukuziphakamisa ezimpilweni zethu na?

Ukujula Nomcabango:

"Inkosi eyayikade ezikhukhumeza seyiphenduke umntwana kaNkulunkulu ozithobile; lenkosi eyayibusa ngesandla sensimbi, ingenakho ukubekezela, yaba yinkosi ehlakaniphile nenesihe. Yona eyayidelela futhi ihlambalaze uNkulunkulu wasezulwini, manje ivuma amandla oPhezukonke, ifuna nokugqugquzela ukuhlonishwa kukaJehova nenhlalakahle yabantu bayo. Ngokujeziswa yiLowo oyiNkosi yamakhosi noMbusi wababusi, uNebukadinesari wagcina esifundile isifundo bonke ababusi abadinga ukusifunda—ukuthi ubukhulu beqiniso buzalwa ukulunga kweqiniso. Wavuma ukuthi uJehova unguNkulunkulu ophilayo, ethi: 'Mina Nebukadinesari ngiyayidumisa iNkosi yasezulwini, emisebenzi yayo yonke iyiqiniso, nezindlela zaYo zingukwahlulela: kanti labo abahamba ngokuziphakamisa, uyakwazi ukubathoba.' "Injongo kaNkulunkulu yokuthi umbuso omkhulu kunayo yonke emhlabeni uzwakalise udumo lwaKhe, yase ifezekile. Lesimemezelo saseshashalazini lapho uNebukadinesari evuma khona umusa nokulunga negunya likaNkulunkulu, kwakuyisenzo sokugcina sempilo yakhe esibhalwe emlandweni ongcwele."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, ikhasi 521.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. "Ukuzikhukhumeza kuholela kubo bonke obunye ububi: yisimo somqondo esiphikisana noNkululunkulu ngokuphelele. Kuzwakala njengehaba yini lokhu? Uma kunjalo, cabanga ngakho futhi…Uma umuntu enokuzigabisa, uzonda ukuzigabisa kwabanye. Empeleni, uma ufuna ukwazi ukuthi uzigabisa kangakanani, indlela elula ukuzibuza lombuzo: 'Ngicasuka kangakanani uma abanye abantu benganginaki noma bekhuluma ngendlela ebhuqayo, noma bebukisa? Iqiniso ukuthi ukuzigabisa komuntu ngamunye kuncintisana nokwabanye. Kungenxa yokuthi bengifuna kubukwe mina emcimbini, kungakhonje ngicasuka uma kukhona omunye othathekisa amehlo abantu."—C.S. Lewis, *Mere Christianity* [New York: Touchstone, 1996], ikhasi 110. Uthini lapha uLewis okungakusiza ubone ukuzigabisa kweyakho impilo na?

2. Ingqikithi esiyibone kulesahluko, nakwezinye ezingaphambi kwaso, ubukhosi bukaNkulunkulu. Kubaluleke ngani ukuthi siyiqonde lengqikithi? Lidlala yiphi indima iSabatha ukusisiza siqonde leliqiniso elimqoka na?